HILLCREST HIGH SCHOOL

UKUHLOLWA KUKAMEYI/ JUNI 2018

ISIZULU ULIMI LOKUQALA LOKWENGEZELELA

IBANGA LESISHIYAGALOMBILI ( GRADE 8)

IPHEPHA LESIBILI (PAPER 2)

ISIKHATHI : 2 AMAHORA AMAMAKI:100

IMIYALELO KWABAHLOLWAYO:

- Fundisisa lonke iphepha ngaphambi kokuba uphendule imibuzo.
- Khetha futhi uphendule imibuzo njengoba uyalelwe isiqephu ngasinye.
- Qala isiqephu **esisha ekhasini elisha.**
- Phendula ngesiZulu esihle nopelomagama olwamukelekile.
- Bhala umsebenzi ohlanzekile.

## ISIQEPHU A: ABABULALI BENYATHI..... – R. MNGADI

1.Khetha abalingiswa **abathathu** kulaba abalandelayo ubhale ngabo **amaphuzu amahlanu** umlingiswa ngamunye.

1.1. uMbandlwa
1.2. uMaShezi
1.3. uShandu
1.4. uMaNgema
1.5. uDuma

3 x 5 = 15

2. Fundisisa lezi ziqephu bese uphendula imibuzo **ngemisho ephelele.**

**Duma** :Umhlangano womphakathi! Umhlangano womphakathi, ngoMgqibelo mhla ziyi-6 kuyo le nyanga! Wozani esikoleni eNdabuzekwayo ngehora lokuqala emini! *(awuphindaphinde umyalezo)*

**(Khona manjalo kuqhamuke induna uDlamini.)**

**Dlamini** :*(ngokuthukuthela)* Hheyi! Hheyi wena, njengoba uklabalasa, uklewula nje, ngabe uyicelile imvume kuNdabezitha?

**Duma** :*(akhulume ngombhobho. Uyachitha ngesandla sokhohlo)* Maye! Yimihlola yini? Ngicelile? Ngiceleni mina? Kanti mina ngakhethelwani? Kanti yini úmsebenzi wekhansela?

**Dlamini** :*(intukuthelo iyenyuka uze akhombe ngenduku)* Hheyi! Hheyi wena Duma ndini! Kanti ngubani inkosi yale ndawo? Akukhona elokishini lapha. Hamba uyokwenza intando yeningi ekhweni lakho KwaMashu, hhayi lapha! Thina sinenkosi esiphethe lapha.

**Duma** :*(ayeke ukukhuluma ngombhobho kodwa nakuye yenyukele intukuthelo)* We Dlamini! Mina ngakhethwa ngabantu! Abantu sebakhuluma! Wena usaququbele ehlathini lokungazi! Ngiyeke ngenze umsebenzi wami mina. Abantu bafuna intuthuko. Khohlwa nduna!

**Dlamini** :*(uthukuthele uyabila. Ukhomba uDuma ngenduku)* Uthini? Uthi ngikhohlwe? Wena awuzikhohliwe usuyinkosi! Empeleni ngubani inkosi lapha? Nguwe?

**Duma** :*(achithe izandla)* Angazi! Lokho okuthandayo! *(akhulume embhojeni ebe eqhubeka nokuhamba)* Umhlangano womphakathi! Wozani nizokuzwa ngentuthuko! *(aze ayosithela)*

2.1. Banazikhundla zini uDuma noDlamini emphakathini abahlala kuwo? (2)

2.2. Yimvume yokwenzani le uDlamini abuza uDuma ukuthi uyicelile yini enkosini? (2)

2.3. Yini igama lesikole okwakuzobanjelwa kuso umhlangano womphakathi? (1)

2.4. Kubo kaMaShezi kukuliphi ilokishi laseThekwini? (1)

2.5. UDlamini noDuma bakhombisa ukungahloniphani kulesi siqephu. Sekela lesi sitatimende ngezinto abazishoyo omunye komunye. (2)

2.6. Xoxa kafushane ukuthi lo mhalngano omenyezelwayo wahamba kanjani? Bhala **amaphuzu amathathu.** (3)

**[10]**

3.

**MaNgema** :*(udumele)* Baba, uqinisile uma uthi lolu daba luyadlondlobala. Ngempela luyabhebhetheka. Konke lokhu kudalwa yinkani yaleli khansela. Uyedelela ngempela lo muntu ndini. Uthi abantu mabenze njani uma ebiza imihlangano engakwazisile? Hawu! Waze wasilaya lo Hulumeni ngokungawaqeqeshi amakhansela akhe. Wake wezwaphi nje ukuthi umuntukazana uke abize isizwe senkosi ngaphandle kokwazisa inkosi ebusa kuleyo ndawo. Nayo intando yeningi angiboni ukuthi ingakuvuma lokho.

**Shandu** :Uthole into emfanele uMbandlwa ngoba nguye okufanele adodise ikhansela lakhe. Uyabona-ke mina sengizoliqinisa elami ikhanda. Bengimethemba lo mfana wakwaMbandlwa.

**MaNgema** :Baba ungamethemba kanjani umuntu oyimpohlo? Wake wezwaphi ukuthi abantu bangaholwa yimpohlo? Yazini impohlo? Okunye nje lokho okubhidliza isizwe. Thina maZulu asimbeki umuntu oyimpohlo esikhundleni.

**Shandu** :Angithi yintando yeningi nje. *(aneke nezandla)* kudingeka ngiye enkantolo ngoMsombuluko khona ngizobheyila uDlamini uma kudingeka.

**MaNgema** :Baba, umthintile nje ummeli uSidamba?

**Shandu** :MaNgema! Leyo yinto engiyenze kuqala ngesikhathi ngizwa eyokuboshwa kukaDlamini. Uyazi mina ngithandazela ukuthi kungasuki umbhedukazana endaweni yami. Phela sekungenzeka kubuye udlame njengoba lunjalo.

**MaNgema** :*(aneke izandla sakulahla ithemba)* Baba! Uma kusenabantu abanjengoDuma noMbandlwa, luzobuya udlame.

**Shandu** :*(ahebeze ngesandla sokudla)* Hhayi bo, ungasho njalo! Phela udlame aluzange luklomelise muntu. Ngusathane kuphela owabutha izindondo.

3.1. Bahlobene kanjani laba abaphendulana la? (1)

3.2. Ubani isibongo sekhansela abakhuluma ngalo kulesi siqephu? (1)

3.3. Yini uMaNgema abona ukuthi uhulumeni akayenzanga kahle ngokwalesi siqephu? (2)

3.4. Chaza ukuthi zisho ukuthini lezi zigejana zamagama ezilandelayo:

3.4.1. lolu daba luyadlondlobala. (2)

3.4.2. umuntu oyimpohlo. (2)

3.5. Wayezoya ngaluphi usuku enkantolo uShandu ? (1)

3.6. Ubani isibongo sommeli wenkosi uShandu? (1)

3.7. Yini le etholwe uMbandlwa emfanele njengoba kusho uShandu esiqeshini? (1)

**(11)**

**ISIQEPHU B: IMIBHALO EMIDE EDLULISA UMLAYEZO.**

7.Khetha isihloko **esisodwa** kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama Angama- 80 kuya kwayi- 100

**7.1. INCWADI YOBUNGANE**

Umalume wakho ukumangaze ngesipho sosuku lokuzalwa lwakho okade wawusifisa.Mbhalele ubonge unconcoze ngalokhu akwenzele khona usho nokuthi lesi sipho sizokusiza kanjani empilweni yakho. **(30)**

**7.2. UMLANDO NGOMUFI**

Ugogo wakho ebinizwana kakhulu naye ushonile.Umndeni ukhethe wena ukuba ufunde umlando wakhe ngosuku lomngcwabo njengendlela yokumvalelisa. Bhala phansi- ke **umlando wakhe.** **(30)**

**7.3.INGXOXO**

Abangane bakho bahlele ukuvakashela eGateway ngoMgqibelo ukuze bayochitha isizungu ngokubuka ibhayisikobho( imuvi).Umama wakho akawuthandisisi lowo mqondo ngoba uthi sekusondele ukuhlolwa kufanele uhlale ekhaya ufunde.Bhala **ingxoxo** phakathi kwakho naye uzama ukumncenga ukuba akuvumele uhambe nawe. **(30)**

**AMAMAKI ESIQEPHU B:30**

## ISIQEPHU C : IMIBHALO EMIFUSHANE EDLULISA UMYALEZO

8.Khetha isihloko **esisodwa** kwezilandelayo ubhale ngaso kube ngamagama angama- 60 kuya kwangama- 80

### 8.1. ISIMEMO

Udadewenu omdala uphumelele kahle ezifundweni zakhe zikaMatibuletsheni.Abazali benu bahlele ukumenzela umcimbi omkhulu wokumhalalisela ngale mpumelelo yakhe.Banike wena umsebenzi wokumema izihlobo zomndeni nabangani bakadadewenu kulo mcimbi. Bhala **lesi simemo.**

**Qaphela: Siphuma kubazali isimemo yize sizobhalwa nguwe. (20)**

### 8.2. IPHOSIKHADI

Iqembu lakho lebhola lezinyawo (soccer) lithole ithuba lokuyodlala emqhudelwaneni wezikole oseKapa.Senihambe nafika lapho enizodlala khona .Bhalela abazali bakho **iphosikhadi** ubazise ukuthi nihambe kanjani nokuthi yindawo enjani enikuyona. **(20)**

### 8.3. IDAYARI

Abazali bakho bahlele uhambo oluya ezintabeni zoKhahlamba

( Drakensberg) ngamaholide asebusika.Lolu hambo olwezinsuku **ezinhlanu.**Bhala idayari yalokho okwenzekayo **usuku nosuku** nisekuhambeni .

**(20)**

**AMAMAKI ESIQEPHU C:20**

**AMAMAKI ESEWONKE :100**

4. Phendula le mibuzo ngegama **elilodwa.**

4.1. Yini igama lesikole okwabonana kuso uDuma noMaShezi ? (1)

4.2. Kwakungubani isibongo senkosikazi kaDlamini? (1)

4.3. Wayenasikhundla sini uFohloza kulo mdlalo? (1)

4.4. Bhala **okuthathu** okwakuzokwenziwa yikhansela ukuthuthukisa le ndawo okwenzeka khona lo mdlalo. (3)

**[6]**

5.Khetha impendulo okuyiyonayona bese ubhala uhlamvu ( letter) lwayo kuphela.

5.1.UMzizi isithakazelo sakwa.....

A. Shandu

B. Dlamini

C. Duma (1)

5.2.Umhlangano owawumenyezelwa uDuma ngombhobho wawuzoba .....

A. ngoMgqibelo

B. ngeSonto

C. ngoLwesihlanu (1)

5.3. Unkosikazi wenkosi uShandu u.....

A.uMaNgema

B. uMaShezi

C. uMaMsomi (1)

**[3]**

6.Phendula ngokuthi YIQINISO noma YIPHUTHA

6.1. UDuma wahlangana nekhansela uMchunu mhla eye eMgungundlovu. (1)

6.2. UMaNgema wayengumhlengikazi ngokomsebenzi. (1)

6.3. Umhlangano owawumenyezelwa uDuma ngombhobho wawuzoba mhla ziyi- 6. (1)

6.4. UDuma wayethole isikhundla sobukhansela ngevoti lentando yeningi. (1)

**(4)**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 50**